


# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Izilwane zasendle, izinyoni kanye nezinambuzane zase-Afrika zazifisa ukubona umhlaba. Zanquma ukuhamba ngesikebhe.

Zakujabulela lokhu ezinsukwini ezimbalwa zokuqala zibona izinto, kodwa emva kwesikhashana, zacikeka, zaqala ukuxabana.



UQo isiqophamithi waqala ukuxabana noJi ijuba. Ngenkathi bebhuquzisana, uQo wabhoboza ngephutha imbobo esikebheni.

Amanzi aqala ukungena esikebheni. Imbobo yaya ngokuya yaba nkulu. Angena kakhulu futhi amanzi.



Izilwane zazikhathazekile ukuthi isikebhe singahle sicwile, ziminze zonke.

"Zzzz, zzzz, zzzz," kuzwakala uNyo inyosi, "Masibambisaneni sivale le mbobo."
Zonke izilwane zasukumela phezulu zayovala imbobo.



Bhaku, bhaku, bhaku.
Izinyoni zazama ukuphakamisa isikebhe emanzini ngokubhakuzisa amaphiko azo, kodwa azibanga nawo amandla anele.

Indlovu yazama ukuwamunca iwachithele olwandle.



Izinyosi, izintuthwane, amagundane kanye nezicabucabu zazama konke ezazikucabanga ukuvala imbobo.

Kwazanywa ubulwembu besicabucabu, ingcina noju lwezinyosi, lutho imbobo ukuvaleka.


Amanzi wona ayelokhu engenile esikebhenі, elokhu ekhuphuke njalo.

Manje izilwane zonke zabe sezesaba ukuthi zizominza.

Ngaleso sikhathi nje, kwavela inhlanzi encane yangena ngembobo esikebheni.

"Ungasisiza, nhlanzi encane?" kucela izilwane zinexhala.

"Akubuzwa, ngizonisiza," kuvuma inhlanzi



Inhlanzi encane yahamba yayolanda umkhoma. Umkhoma wavala imbobo ngomzimba wawo omkhulu, avaleka amanzi awabe esangena esikebhebi.

Ekugcineni izilwane zakwazi ukuvala imbobo, engasekho amanzi angena esikebheni!

Izilwane zakhululeka, zambonga uMkho, umkhoma.




INkosi uBhubesi wathi,
"Siyabonga, nhlanzi encane.
Usebenzile nawe, Mkho.
Nisisindisile!"
Izilwane zajabulela ukuthi
sezingaqhubeka nohambo lwazo.

Zonke izilwane zavumelana zathi,
"Uma sibambisene singawenza
umahluko!"

**Uma ngingedwa kuncane
engingakwenza, uma
sibambene singenza lukhulu!**



# Izinyoni ezinhlanu!



Zazihleli emthini
Yathi le: Ngibonani ngamehlo
Yathi le: Indoda nesibhamu
Yathi le: Masibalekeni
Yathi le: Masicasheni
Yathi le: Asimesabi thina
Asimesabi thina.

Qhu, Sash'isibhamu
Qhu, Sash'isibhamu


Zabalek' izinyoni
Zathi bhu, bhu, bhu

# Nyosi yoju



Wena nyosi yoju, ngithanda iculo lakho,
uthi bu bu bu usuku lonke.
Uthola izimbali ezinompe olumnandi,
uthwala impova emilenzeni ehlanzekile.

Nakuba untinyela kabuhlungu,
uju lwakho lumnandi.
Uju oluyigolide oluvela ehhokweni lakho,
kuletha injabulo nentokozo kusiphilise.




# Amaqiniso amangalisayo ngezilwane

1



Umntwana wendlovu uncela umboko wayo uma enesizungu.

2



Izintshe zigijima ngesivinini samakhilomitha angama-70 ngehora.

3




Amabhungezi obulongwe asebenzisa umzila njengenkombandlela.

4



Izimpisi zihlobene kakhulu namakati, kunezinja.

5



Amabhubesi alala amahora angama-20 ngelanga.

6



Indlulamithi inolimi oluluhlaza ngokujiyile olungamasentimitha angama-50 ubude.

7



Imamba emnyama inobuthi obungabulala amadoda ayishumi nambili.

8



Izimvubu ziyazivikela izindawo zazo kanti ziyingozi kakhulu.

9



Amaphangolini anolimi olude olunenomfi. Uma engalusebenzisi alugcina ngaphakathi esifubeni.

10



Izingwenya seziphile isikhathi esingaphezu kweminyaka eyizigidi ezingama-200.

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1 Funda le misho uyifundele umngani wakho. Manje funda imisho ngokulandelana kwezigameko bese uxoxela umngani wakho le ndaba.

| | | |
|---|---|---|
| 1. | Inhlanzi encane yabiza uMkho umkhoma ukuthi avale imbobo ngomzimba wakhe omkhulu. | |
| 2. | Izilwane zanquma ukuhamba ngesikebhe. | |
| 3. | Izicabucabu, amagundane nezinyosi, zazama ukuvala imbobo, kodwa akwaphumelela. | |
| 4. | UQo isiqophamithi noJi ijuba baqala balwa. | |
| 5. | Izilwane zase zikwazi ukuvala imbobo esikebheni. | |
| 6. | UQo isiqophamithi wabhoboza imbobo esikebheni. | |
| 7. | Zonke izilwane zavumelana ukuthi uma zibambisene zingawenza umahluko. | |
| 8. | Amanzi angena ngembobo esikebheni. | |



2 Tshela umngani wakho ukuthi yini oyithandayo kule ndaba.
Nikeza isizathu sempendulo yakho.



3 Qedela lo msebenzi.

a. Thola amagama endabeni aphikisa lawa alandelayo.

| | |
|---|---|
| gcina | phuma |

b. Thola amagama endabeni asho okufanayo nalawa:

| | | |
|---|---|---|
| ufishi | ulwembu | qhamuka |

c. Thola amagama anale misindo endabeni:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| mkh | nhl | mb | bh | nz | hl |

d. Bhala uhla lwezilwane ezisendabeni. Sebenzisa okhefana ukwehlukanisa amagama ezilwane.



4 Xoxa nomngani wakho uphendule le mibuzo.

1. Sithini isihloko sale ndaba?
2. Ngobani abalingiswa abaqavile?
3. Zazikhathazwe yini izilwane?
4. Ucabanga ukuthi kwakuyokwenzekani ukuba ayifikanga inhlanzi encane esikebheni?
5. Sithini isifundo kule ndaba?



5 Phinda ubhale le ndaba ngawakho amazwi usebenzise izimpawu zokubhala. (Makube yisigaba esisodwa esinemisho emihlanu)



6 Qamba ubuye ubhale encwadini yakho yokubhalela isiphicaphicwano esimayelana nesisodwa salezi zilwane ezisendabeni. Phica umngane wakho ngaso.

Isibonelo sesiphicaphicwano:

Ngikuphicaphica ngomuntu wami onezinyawo eziningi kule ndaba.



Izinga lesi-3

# Incwadi yesi-2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Izilwane ziya olwandle |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Incwadi yokufunda yeBanga lesi-2, Izinga lesi-3<br>Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | izinyoni, izinto, hamba, qala, emva, lwazo, izilwane, uma, wathi, inkosi |
| Ulwazimagama: | ukumamatheka, minza, ezimbalwa, bhoboza, bhaku, inhlanzi, ubulwembu, inhlanzana, umkhoma, ukukhululeka |
| Imisindo: | nyw, mkh, nhl, mng, mny, mth, ndl, hh, thw, qh |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Ulandelanisa izehlakalo ngokwezigameko bese ephinda exoxa indaba.<br>▪ Ukwazi ukuveza imizwa yakhe ngendaba.<br>▪ Uyawathola amagama amqondophika namqondofana.<br>▪ Uthola amagama endabeni enale misindo: mny, mng, nyw, mkh<br>▪ Wenza uhla esebenzisa okhefana.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uphinda abhale indaba ngawakhe amazwi, (isigaba 1 esinemisho emi-5.)<br>▪ Uqamba isiphicaphicwano. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2531-7
9 781431 525317

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2531-7

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

**Izinga loku- 1**

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

**Izinga lesi- 2**

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

**Izinga lesi- 3**

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu